Umkosi wabantwana besikoli sase St. Saviour's.

Ngo Meenbulako zonk'isikoli zaputuma zaya ezindaweni ezikelwa abafundisi bazo. Esase St. Saviour's zaqonda e Zwaart-Kop Steshini, eplasini elihle lika Mr. Smith. Izingane zabutaza ekuseni kwa Mrs. Edmonds, nabafundisi bazo baya kona, bepete imibala emihle yokubarunulisa, eyenziwe ngamariboni—kutubangwe ziziqovanyana zezinase zokuhloma emabantshini, ezifubeni. Bala sekupelile ukuhlobisa izingane, umPandisi wakuleka, kanye nezingane, kwati kupela leke kwabanjwa ngababili ngababili. Amantombazana ahamba pambili, abafana balandela muva, bonke beqonde e Stimeleni, bezakuhamba ngaso. Bala kwafikwa e Stimeleni, sesuka. Kugewele onk'amakalishi pela. Umsinde nokuhlabelela kwezingane, kwokujabula, kasikupati. Kwafikwa kahle e Steshini sase Zwaartkop, kwaviwa endaweni ekeziweyo. Kwasekudhlalwa imidhlalo emininga. Abafana badhlala nebala elikahlelwayo elilala, belibanga, begingqika omunye pezu kwomunye. U Mr. Dyer waze wawa kabi, walimala esandhleni. Izingane zadhlala zipensana emtini ngoqoto (swing), amantombazana adhlala 'Ikati negundane,' kanye no 'Bakede ngitinte.' Emini kwadhliwa idina. Ngemva kwedina kwafika umBishopo ne Nkosikazi yake. Kwesekupikisanwa. Abafana bapikisana bodwa, namantombazana apikisana odwa. Kwaketwa abantanganye. Abancint'abanye baxxonyelwa izinto ezinhle. Kwadela izinhliziywana eziningi ezincane. Kwati sekucupele esikatini sesihlanu, kwapindelwa e Steshini, seku isikati sokupindela emakaya. Kwangenwa e Steshini, kwahlalwa, kwahlalwa, kwahlalwa. Istimela kasaze sasuka. Kwaba sengati sekwakiwe. Kwati ngemva kwesikati eside kwezwakal'ukuti istimela sipumile endhleleni yaso pakati kwe Hilton steshini ne Howick, leso pela ebesizakuxunyelelwa sitate leso sidhlule naso siye e Tawini! Po-ke! kwafika uvalo nje! Kwakalelw'izingane eziza-kufik'ebusuku ekaya. Kwasekutunywa izigijimi zokubiz'esinye istimela e Tawini—sazo safika sekuhlwile ngesikati sika 8. Kwati besibona bonke bamemeza beti Hurrah! Hurrah! kanti, jaba nqodo! Sadhlula sayakuland'abase Howick kuqala, anduba sibuyel'e Zwaartkop. Sati sibuya saxunyelelwa kuleso, saside, sesabeka. Sesuka, saya safika etawini sekucupele ku naini. Zonk'izingane nabadala bangena e Steshini behlabelela "Kasoze safika, kwoze kuse, Kasoze safika, kwoze kuse, &c." Bala emakaya kwaba ukutokoza, sebebuye bonke kahle, kungavelanga ngozi endhleleni.

Indatshana enga ifundwa ngabFundisi naBantu.

ILOTSHWE U REV. F. O. MORRIS, B.A., UMFUNDISI WASE NUNBURNHOLME, YORKSHIRE.

Endulo, lapa izilomo namaqawe ayevama ukulwa, elinye iqawe lazibekela ukuba lipindise otile owaye akelene nalo. Kwati ngalo lona lelo langa elalizibekele ukwenza loko ngalo, kusihlwa, lezwa ukuti isita salo sizakudhlula eduze nenqaba yalo nabantu abayingcosana nje. Isikati leso sasililungele ukuba libe nako ukupindisa, ngako-ke laqinisa enhliziyweni yalo ukuti kaloze lasidedela isita ngaleso sikati. Sakuluma ngecebo lalo kuzwa umfundisi walo, owalinga ngamandhla ukulivimbela ekwenzeni okunjalo. Umfundisi lo olungileyo wakuluma kakulu eqaweni leli ngesono leso esikulu ebeliti lizakusenza, kodwa konke kwashaya pansi. Kwat'ukugcina, ebona ukuti amazwi ake kawasizi luto, wati—

"Nkosi yami, loku kanginakukuvimbela ekwenzeni kwecebo lako lelo, auvume ukwenza intwana encane nje ungakahambi, yana nami endhlini yokukuleka, sikuleke sobabili ndawonye kona." Iqawe lavuma, laguqa kanye nomfundisi bakuleka.

UmKristu lo otand'isirau wati eqaweni elifuna ukupindisa—"Ake usho emva kwami umTandazo we Nkosi, isigaba ngesigaba, umtandazo lowo i Nkosi yetu u Jesu Kristu Yafundis'abafundi Bayo."

"Ngiyavuma, ngizakwenze njalo," kupendula iqawe.

Laselenze njalo. Umfundisi washo isigaba sasinye neqawe lenza njalo, waze wafika esigabeni sokuti, "Sitetelele izono zetu, njengaloku sitetelel'abasonayo." Lapo latula iqawe.

"Nkosi yami, uyatula," kusho umfundisi. "Auqubeke pela usho amazwi emva kwami, uma unesibindi sokuwasho—"Sitetelele izono zetu, njengaloku sitetelel'abasonayo'?"

"Kangikwazi," kupendula iqawe.

"Yebo-ke, no Nkulunkulu kanakukutetelela, ngokuba Washo njalo. Uyena uqobo Lwake, ewasinika lamazwi ukuba sikuleke ngawo. Ngako-ke yeka ukupindisa kwako, ungasayekanga lako, yeka ukuwasho amazwi la; ngokuba ukusela ku Nkulunkulu ukutetelela izono sako njengaloku utetelel'abanye, kungakuseli ukuba akupindisele ngezono zako. Hamba manje, Nkosi yami, uhlangabezana nesita sako. U Nkulunkulu Uzakukuhlangabeza nawe ngosuku olukulu lokutet'amacala."

Ukuqina okukulu kweqawe, okuqinis'okwensimbi, kwatamba. Lati, "Qa, ngizakuwuqoda umtandazo wami: Nkulunkulu wami, Baba wami, ngitetelele! ngitetelele njengaloku ngifuna ukutetelela lona ongonileyo; Ungangirolieli ekulingweni, kodwa ungikipe kwokubi!"

"Amen," kusho umfundisi.

"Amen," kwasho neqawe, elasliwufundile umTandazo we Nkosi, seliwazi kahle kanakuqala, loku besiliziwile ukuba ufanele lona nalo.

Ukubanjwa kwamasela.

Ngo Sonte kusihlwa amapolisa abamba amasel'akad'ewahlupa kakulu. Pakati kwobuzuku amapolisa amabili aya endhlini ese Burger Street abamb'amasel'amatatu ndawonye kanye nezinto eziningi ezitunjiweyo. Elobune isala belingeko endhlini, beliye kwebe okunye; kodwa amapolisa aboqapelisisile aze alibamba ekuseni lipete uto eliwebileyo. Omane amasela, angabantu abakade beseezandhleni zamapolisa ngesikati esipambili. Sengati bangasiwa Enkantolo Enkulu manje, bangabi besasiwa kweyoMteti, futi sengati bangajeziswa ngokukulu okuyakubavimbela isikati eside impela emsebenzini wabo omubi.

I Bandhla elipete izindaba zomBuso.

Umhlangano, May 13th.

UKWENEZELELWA KWAMAPOLISA.

U Mr. Stainbank wahlelelesela isicelo esivela kubelungu base Bellair, Malvern nabase South Coast Junction. Abelungu bayasola ngohlupo abalutola emakuleni nakubantu abamnyama abake kona ngokweba, namapolisa kawanele kona. Bacel'amapolisa ayi 12 amnyama, namabili ingabe amatatu amblope. Bacabang'ukuti lawo anganela ukuvimbela ubusela lobo.

UMSEBENZI WABAMNYAMA.

U Dr. Sutherland wabuza isibuzo sake ngabantu abaletelwa ukusebenza endhleleni yestimela kanye neminye imisebenzi. Abelungu ababaletayo batolani ngabo; uma imbala amagama abo abantu labo alotahiwe ini encwadini ese Nkantolo yoMteti, &c. &c.

U Colonial Secretary, ngokupendula kwake, wabeka amapepa etafuleni; kodwa kawafundanga, ngako-ke kasazi luto.

ISTESHINI SESTIMELA E ZANSI NO MGENI.

U Mr. Binns wabuza; abantu bestimela boze bake nini indhlu ensha yokuba ibe isteshini e Zansi no Mgeni?

U Colonial Secretary wapendula ukuti abantu bestimela kabayikwaka isteshini esisha kona manje; kodwa bazakulungisa sona esidala sibe sihle futi.

AMAKULA.

Kwakulunywa kwakuningi ngendaba yokulet'amakula lapa e Natal.

U Mr. Escombe wati Umhlangano wetembisile o £10,000 ngonyaka kulomsebenzi wokulet'amakula e Natal. Wati Umhlangano wenze isiposiso esikulu ngaloko. Wati amakula nga epindeliselwa ekaya lapa eseqedile umsebenzi wawo, nokuti uma i 100 lamakula lipindela e India, nga kubuya kuletwe i 200 lamanye nje kupela nce iswe lingagcwali iwo.

U Mr. Stainbank wati kayamdabukisa ukubona izwe ligcwal'amakula; kodwa uyazi ukuti abalim'iTea nomoba, nabanye bafuna izisebenzi, namakula iwowa kupela asebenza kahle. Wati, kodwa amakula eza lapa, azela ukusebenza, ngako-ke nga epindeliselwa, isikati sawo sesipelile.

U Mr. Hulett wati singenze luto ngapandhle kwamakula, ngako-ke nga eletwa lapa; kodwa wavuma ukuti nga epindeliselwa ekaya isikati sawo sesipelile.

U Sir John Robinson wati, Umhlangano ungeiguqule kahle imiteto ngamaKula, bengakazi ukuba u Rulumende wamaKula utini ngako. Wati ngabeqala ukuzwisisa uma u Rulumende wamaKula uyakuvuma ini ukwenza loko u Rulumende walapa ucabang' ukuti kufanele ukuba kwenziwe.

U Mr. Binns wacabang'ukuti nga kutunywa omunye aye e India ezwe ingabi u Rulumende wakona ungavuma ini ukub'amakula asebenze lapa iminyaka eyishumi abesepindela ekaya futi. Kodwa wati abantu nga bekumbula ukuti aba-Arab beza lapa lapa bangasebenzi—izwe ka'lisizi nakanye, ngako-ke ibona abona izwe bengalisizi ngaluto. I Kula lingumdobi, umlimi, lisebenza nasendhlini, linokusiz'okukulu. Ubengatand' ukubona uto lwenziwa lokumukis'abakwa Arab.

U Mr. Ryley wati abalimi pakati kwezwe batat' amakula abe izisebenzi zabo, ngokuba kuyabahlul' ukutol'abantu bokusebenza. Kuyamdabukisa ukuba kusweleka ukuba abe kon'amakula pakati kwezwe; kodwa singenze njani ngapandhle kwawo?

U Dr. Sutherland wati amakula ayasisa kakulu lapa—afundis'abantu ukusebenza nokuti loko kungumsebenzi olungileyo.

U Mr. Moor naye futi wacabang'ukuti amakula nga eletwa pakati kwezwe, ngokuba ku lwona kupela akwaziyo ukusebenza; odwa ufuna ukuba apenduke aye kubo angahlali lapa.

Ipepa labuye lapindwa lafundwa.

Umhlangano, May 19th.

AMAKULA.

U Mr. Stainbank wati ufuna ukuba amakula lapa eseqedile ukati awo kokusebenza, tuniywe ayimikhane, arqiele u Rulumende njengabanye abantu. Uma engayikipile imali ngokupula kwemnyaka eyishumi, angatand' ukuwabona epindeliselwa e India.

ABANTU ABAPUMILEYO EMTETWENI.

U Sir John Robinson wahlelelesela isicelo esivela kubantu abapumileyo emtetweni. Isicelo leso sicel' ukuba umteto lowo omuha ungenaiwe ungavuywa Umhlangano.

ABANTU ABAPUMILEYO SO OKOO.

U Sir John Robinson wati kandukwuketa lomteto, ngokuba kawulungile, no Rulumende kenzi kahle.

U Mr. Escombe wati kal'ecabanga kakulu ngalomteto, uyavumelana no Sir John Robinson. Ucabanga ukuti ngakulingwa kakulu ukuvimbela ukuba kutengiswe kabantu ngo grog; kodwa kakufanele ukuvimbela abapumileyo emtetweni.

U Mr. Hulett wati uyamvumela u Sir John Robinson ngokuti abantu abapumileyo emtetweni ngabeza patwa kahle batole iziteto esifanele bona; kodwa baningi abangawaziyo umteto lo ukuba wyini. Bafuna ukuncisha abantu u grog kupela.

U Dr. Sutherland wati umteto lo ubafanele abamnyama, owokubalungisa, uma ungenaiwe kumkuba ihlazo pakati kwezwe.

U Mr. Bale wati bakona abantu abamakucel'ukupuma emtetweni, ngokuba befuna ukuteng'ugrog, ngako-ke kakulungile ukuvumel'abapumileyo emtetweni ukuwutenga.

U Mr. Fell wati kakusizi luto ukwenza umteto ubuye uyekwe, wapulwe ibo bonke. Kulula kubantu ukutola u grog uma bewufuna.

U Mr. Binns wati u Ms. Fell ubeka sobala ubuncane bamandhla ka Rulumende, kawugciwa umteto obekwa uye. Yena ufuna ukuba abapumileyo emtetweni banikwe konke okulungele bona; kodwa ngabenganikwa u grog.

Umpati Wezindaba Zabantu wati, umteto lo ufuna ukuvimbel'abantu ukutola u grog kupela, anyikubapuca okunye.

Ukufundwa kwobutatu kwencwadi, kwadhlulwa ngabaqoki abayi 19 bepikanisene naba isi 7.

Abanqaba umteto kwakungo Sir John Robinson, Messrs. Escombe, Ryley, Bainbridge, Rethman, Archibald no Fell.

IZINCWADI.

Umhleli ka vumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunywelwa kuleli pepa.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE,—Ngicela indawo. Hau, bakiti, kulendabe yenu yokutuka umteto, anginazwi mina. Bonke abatuki sebengene boshumi kuwo umteto, zona inhloko. Abazeki bomteto abanangqondo; abantu abamnyama abayazi into abayishoyo, ngiyabakalela laba bantu. Obetuka izolo ungene namhla, akundaba; angazi nalaba abaloku bezihlupa ukuba banani; nxa kulize kobonakala, nxa kuyindaba kobonakala. Angizihlupi mina ngokucacisa umteto, ca. Ngifakele, nkosi yami, lamazwi ami

S. MABASO.

Kleinfontein, April 24, 1891.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE,—Ngikuleka indawo epepeni lako; epepeni lika April 16th, No. 52, Page 5, ngibone amazwi ka Zibukwana, elekelela aka Mr. Lutuli, uti, amazwi ako mahle, Mr. Magwaza, kodwa kawanasiqi; ngingeyilande yonke indaba yake; usekomba izidumbu zalabulewe yisita u Satan, uti kwakungoba bamukwa yini na? usekwela pezu kuka Magwaza, ekomba izono zake kanye nemisebenzi yake. Kahle, mnumzana, ukuyakubala izono zomunye; nxa kubalwa izono zabantu kanye nemisebenzi yabo, *Inkanyiso* ingagcwala isono zodwa, ingebe isaba nazindaba. Kuhle odukayo silinge ukumluleka ngendaba ye Nkosi, singamgwazi ngezono zake. Asilinge ukuketa amazwi angenazo izicoulo. U Mr. M. M. amgwazile nya lamazwi; bheka epepeni lika No. 53, page 5, lika April 23rd, akomba ukuti loku akumvusanga, kumbulele. Bsiyeke ukugwazana, silinge ukuvusana, ukuse ipepa libe lihle libe mnandi. Ngitetelele, Mngane, ngengibimbo ngawo.

W. J. TSHANGANA.

Bethany, May 4th, 1891.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE,—Ngicela umusa emehlweni ako, nkosi yami Mhleli we *Nkanyiso*, wokuba ungifakele lamazwana epepeni lako. Yebo, mfo ka Magwaza, ngitetelele kulelorwi engalikuluma kuwe; kodwa ngangatsho ukuti izwi lako lokukala libi, kodwa ngasola izwi lokuti umuntu uhlehlela emuva ngokuunganikwa imali; ngalinganisa ngomuntu omaziyo, engisegewanga ukuti wahlehliswa yimali; nawe futi angigwanga ukuba wahlehliswa yimali. Ngikuluma njalo ngingolambayo kanye: kangitsho ukuti ngokulamba ngingabaleka. Kangimazi futi owaka wabaleka ngokulamba ekulomsebenzi: ngibona abaningi behlehliswa kukwesuta. Kodwa izwi elingipelise amandhla ngelokuti ngikujuvazile; ngangingazi ukuti ucatshile, ngabengiti uyaziwa ukuba walimala umlenze kwamila omunye umlenze pezu kwomunye; ngangingazi ukuba wawunquma wawulahla; ngoba ngibona bonke abahlehlela emuva kabesabi. Ngezwa kahle ngenaizwa ekusekele, eyati ngiyisipukupuku. Konje uma ngityela isilima ngiti uyisilima ngingaba ngiyisipukupuku yini na? Kodwa mina ngangingatsho ukuti ngiyakujivaza, ngangibuza ukuti ukuti, njengoba walimala nje, wamila umlenze pezu komunye, lowo mlenze wamliswa kukwapucwa imali na? Koaje labo